16. INhloko yoPhiko lukaNobhala weBhodi nabasebenzi beThrasti

ISAHLUKO 5

UKUHLINZEKWA NGEZIMALI NOKUPHATHWA KWETHRASTI YASENDLUNKULU KAZULU

17. Izimali zeThrasti
18. Ukuphathwa kwezimali nokuphathwa kweThrasti
19. Ukucwaningwa kwamabhuku kanye nombiko wonyaka weThrasti

ISAHLUKO 6

IZINHLINZEKO EZIJWAYELEKILE

20. Ukuthengwa nokuchithwa kwempahla engenakususwa iThrasti
21. Izinyathelo zomthetho ezithathelwa iThrasti
22. Okungeke umuntu ahlawuliselwa kona
23. IThrasti kumele isungule isizindalwazi
24. Ukuvikelwa kolwazi oluyimfihlo olugcinwe iThrasti
25. Ukusetshenziswa kwegama leThrasti
26. Ukudluliselwa kwamandla iBhodi
27. Amacala ajwayelekile
28. Izinhlawulo
39. Imithethonqubo
30. Izinhlinzeko zesikhashana

ISAHLUKO 7

UKUCHITHWA KOMTHETHO NESIHLOKO ESIFINGQIWE

32. Ukuchithwa komthetho
33. Isihloko esifingqiwe

UHLELO

Isinqumo mayelana nokwabiwa, nokudluliselwa nokuhlukaniswa kwamandla, kwemisebenzi, kwempahla kwezikweletu, kwamalungelo, kwamajoka, kwezibopho kanye nabasebenzi boMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe *((Isigaba 30(4))*

ISITHASISELO

Uhlu lwabasebenzi abasiselwe kwiThrasti yaseNdlunkulu kaZulu (uhlamvu 8 loHlelo)

ISAHLUKO 1
IZINCAZELO

IZINCAZELO

1. Kulo Mthetho, ngaphandle uma ingqikithi isho okwehlukile –

"iBhodi" kushiwo iBhodi yabaPhathi beThrasti yaseNdlunkulu kaZulu okukhulunywe ngayo esigabeni 6(1);

"isiKhulu esiPhezulu esibhekele ezeziMali" kushiwo isiKhulu esiPhezulu esibhekele ezeziMali okukhulunywe ngaso esigabeni 15(1);

"uMthethosisekelo" kushiwo uMthethisisekelo ka 1996;

"uMkhandlu oPhethe" kushiwo uMkhandlu ophethe esiFundazweni saKwaZulu-Natali;

"unyaka wezimali" kushiwo isikhathi esiqala mhla lu-1 kuMbasa kuya kumhla zingama-31 kuNdasa wonyaka olandelayo;

"iGazethi" kushiwo iGazethi yesiFundazwe saKwaZulu-Natali;

"iNhloko yoPhiko lukaNobhala" kushiwo iNhloko yoPhiko lukaNobhala weBhodi okukhulunywe ngayo esigabeni 16(1);

"iNgonyama" kushiwo iSilo sesiFundazwe saKwaZulu-Natali;

"iLungu loMkhandlu oPhethe elibhekele ezeziMali" kushiwo iLungu loMkhandlu oPhethe elibhekele ezeziMali esiFundazweni saKwaZulu-Natali;

"iSilo" kushiwo iSilo sesiFundazwe saKwaZulu-Natali, –

(a) okungosesikhundleni sokuba iNkosi yesiZwe samaZulu, Ingonyama noma iSilo, ngesikhathi kuqaliswa lo Mthetho; noma

(b) iSilo sesiFundazwe saKwaZulu-Natali njengoba singachazwa kuMthethosisekelo waKwaZulu-Natali noma komunye umthetho wesifundazwe;

"iHhovisi loMgcinimafa likaZwelonke" kushiwo iHhovisi loMgcinimafa likaZwelonke elisungulwe ngokwesigaba 5 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni, ka-1999 (uMthetho No.1 ka 1999);

"uNdunankulu" kushiwo uNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natali njengoba kuhlongozwe esigabeni 125 soMthethosisekelo;

"okunqunyiwe" kushiwo okunqunyiwe ngokwalo Mthetho kanti **"ukunquma"** kunencazelo efanayo;

"uHulumeni wesiFundazwe" kushiwo uHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natali;

"isiShayamthetho sesiFundazwe" kushiwo isiShayamthetho sesiFundazwe saKwaZulu-Natali;

"imithethonqubo" kushiwo imithethonqubo eyenziwe ngokwesigaba 30;

"abasebenzi", mayelana **"neBhodi"** kanye **"neThrasti"**, kubandakanya abantu abaqokwe, abasiswe noma abadluliselwe ngokwesigaba 16(1)(b) no (2);

"lo Mthetho" kubandakanya imithethonqubo kanye noHlelo;

"iThrasti" kushiwo iThrasti yaseNdlunkulu esungulwe isigaba 2(1);
"uMndeni weNdlunkulu kaZulu" kushiwo oNdlunkulu kanye nezihlobo zegazi zeSilo njengoba kuqukethwe ohlwini oluhlongozwe esigabeni 4.

"iNdlu yaseNdlunkulu kaZulu" kushiwo isikhungo somdabu soMndeni weNgonyama eNdlunkulu kaZulu ngokomthetho wesiko likaZulu namasiko.

ISAHLUKO 2

UKUSUNGULWA KWETHRASTI YASENDLUNKULU KAZULU

Ukusungulwa kweThrasti yaseNdlunkulu kaZulu

2.(1) Ngalokhu kusungulwa umuntu ngokomthetho ozobizwa ngeThrasti yaseNdlunkulu kaZulu (ngemuva kwalokhu ozobizwa "ngeThrasti").

(2) IThrasti izothatha ngokusemthethweni isikhundla seThrasti yaseNdlunkulu eyasungulwa ngokwesigaba 2(1) soMthetho osuchithiwe uMthetho weThrasti yaseNdlunkulu, 2007 (uMthetho No. 2 ka 2007).

(3)(a) IThrasti iwuhlaka lukahulumeni wesifundazwe.
(b) UMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni, ka-1999 (uMthetho No. 1 ka 1999), uyasebenza kwiThrasti kuphela maqondana nezimali ezabiwe isiShayamthetho sesiFundazwe njengoba kuhlongozwe esigabeni 17(1)(a), kuncike ekutheni iThrasti

ingakhululwa kunoma iziphi izinhlinzeko zalowo Mthetho njengoba kuhlongozwe esigabeni 92 soMthetho Wokuphathwa KweziMali Zikahulumeni, ka-1999.

(c) Nanoma ikuphi kulo Mthetho okususelwe eMthethweni Wokuphathwa KweziMali Zikahulumeni, ka-1999, kuthathwa njengokususelwe kulowo Mthetho kuncike ekutheni iThrasti ingakhululwa kunoma iziphi izinhlinzeko zalowo Mthetho njengoba kuhlongozwe esigabeni 92 salowo Mthetho.

(d) IBhodi yabaPhathi beThrasti iyona enesibopho sokubika ngeThrasti.

(4) UMthetho wokuLawulwa kweMpahla yeThrasti, 1988 (uMthetho No. 57 ka-1988), awusebenzi kwiThrasti kanti ilungu leBhodi yabaPhathi okukhulunywe ngayo esigabeni 6(1) likhululiwe ekuletheni noma iluphi uhlobo lwesibambiso.

Izinhloso zeThrasti

3.(1) IThrasti kumele, ngendlela ehambisana nezinhlinzeko zalo Mthetho nangezimali ezikhona kwisabelomali nezinsiza –

(a) iphathwe ngendlela ezohlomulisa iSilo kanye neNdlunkulu kaZulu, kubandakanya –

(i) izidingo zabo zenhlalakahle;

(ii) izidingo zemfundo;

(iii) izifiso zabo; kanye

(iv) nendlela abaphila ngayo,

okufanele isikhundla sabo; futhi

(b) iphathwe ngendlela yokuthi ihlinzekela ukugcinwa nokunakekelwa kwempahla yeThrasti kubandakanya izigodlo zaseNdlunkulu kanye namapulazi.

(2) IThrasti, nganoma iyiphi indlela esemthethweni –

(a) ingangenisa –

(i) ingenisonzuzo;

(ii) ingeniso;

(iii) ibhizinisi; kanye

(iv) nempahla; futhi

(b) ingathenga impahla,

konke lokhu ikwenzela iThrasti.

Umndeni waseNdlunkulu kaZulu

4.(1) Ngokwezinhloso zesigaba 3, uMndeni waseNdlunkulu kaZulu ubandakanya oNdlunkulu kanye nezihlobo zegazi zeSilo amagama azo abalulwe ohlwini iSilo samaBandla esiluhlinzeka uNdunankulu njalo ngemuva kwesikhathi esithile.

(2) UNdunakulu –

(a) ngemuva kokubonisana neSilo, angahoxisa, angashintsha noma angachibiyela uhlu okukhulunywe ngalo kwisigatshana (1); futhi

(b) kumele agcine irekhodi, eHhovisi likaNdunankulu, elisayiniwe elinamakhophi okuyiwonawona alezo zinhlu ezihlinzekwe zasayinwa iSilo.

Amajoka, amandla kanye nemisebenzi yeThrasti

5. IThrasti –

(a) kumele yenze imisebenzi ibuye ifeze amajoka abekwe yilo Mthetho;

(b) ingasebenzisa noma imaphi amandla –

(i) ewanikezwe inoma iyiphi inhlinzeko yalo Mthetho nanoma imuphi omunye umthetho; noma

(ii) adluliselwe noma anikezwe iThrasti uNdunankulu;

(c) ekusebenziseni amandla ayo noma ekufezeni amajoka ayo noma ekwenzeni imisebenzi yayo ngokuhambisana nalo Mthetho, emiklameni ethile, ingangena ezivumelwaneni zokusebenzisana nabantu abanolwazi lwezobuchwepheshe noma olukhethekile kunoma iluphi udaba oluqondene neThrasti futhi kumele inqume amaholo, kubandakanya nokukhokhelwa imali yokuhamba ngomsebenzi, izindleko zokulala ngaphandle kanye nezinye izindleko zalabo bantu;

(d) ngaphambi kokuthola imvume ebhaliwe –

(i) yeLungu loMkhandlu oPhethe elibhekele ezeziMali; kanye

(ii) noMcwaningimabhuku Jikelele,

futhi, kuncike kunoma ikuphi ukukhululwa kweThrasti kunoma iyiphi inhlinzeko yoMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni, ka-1999 (uMthetho No. 1 ka 1999), njengoba kuhlongozwe esigabeni 92 salowo Mthetho noma imuphi umgomo, umbandela, umhlahlandlela, umyalelo noma umthethonqubo njengoba unganqunywa, ungabekwa, ungakhishwa noma ungenziwa abantu okukhulunywe ngabo ezindimeni (i) no (ii) ngenhla futhi, kuncike kunoma imuphi omunye umthetho –

(aa) ingaboleka, ithole noma itshale izimali;

(bb) ingasungula, ingathenga noma ibe namasheya kunoma iyiphi inkampani njengoba kuchazwe eMthethweni weziNkampani, 2008 (uMthetho No. 71 ka 2008); noma

(cc) izibandakanye kwezohwebo, ebhizinisini, kwezolimo ngenhloso yokuzuza imali, ibhizinisi noma yokuthuthukisa iThrasti; futhi

(e) ngokujwayelekile ingenza konke okudingekile noma okufanele ukufeza izinhloso ezibalulwe esigabeni 3 kanye nokufeza amajoka nemisebenzi ebalulwe ezindimeni (a) kuya ku (d).

ISAHLUKO 3

IBHODI YABAPHATHI BETHRASTI YASENDLUNKULU KAZULU

Ukubunjwa kweBhodi yabaPhathi beThrasti

6.(1)(a) IThrasti isebenza ngeBhodi yabaPhathi (ngemuva kwalokhu ezobizwa "ngeBhodi") enamalungu amahlanu, kodwa angeqile kwayisikhombisa, aqokwe uNdunankulu ngemuva kokubonisana neSilo.

(b) Elilodwa lamalungu eBhodi kumele liqokwe nguNdunankulu ukuba libe nguSihlaloweBhodi, emva kokubonisana neNgonyama.

(c) Amalungu eBhodi kumele abe ngafanelekile ukusebenzela iThrasti, ewonke kumele abe nolwazi, isipiliyoni kanye namakhono adingekayo: Kuncike ekutheni okungenani amabili awo kumele abe nolwazi olunzulu noma nesipiliyoni sokuphathwa kwezimali.

(d) UNdunankulu kumele, ezinyangeni ezimbili ngemuva kokuqokwa kwamalungu eBhodi, azise uMkhandlu oPhethe kanye neKomidi lemiSebenzi elifanele amagama amalungu eBhodi kubandakanya nesikhathi aqokelwe sona.

(2) USihlalo weBhodi kumele –

(a) aqinisekise ukuxhumana phakathi kukaNdunankulu neSilo samaBandla; futhi

(b) abike kuNdunankulu njalo ngemuva kwezinyanga ezintathu (ngekota) mayelana nemisebenzi yeBhodi kanye neThrasti nezindaba azibona zisemqoka.

(3) Emhlanganweni wokuqala weBhodi okukhulunywe ngawo esigabeni 10(1), amalungu eBhodi kumele aqoke iSekela likaSihlalo phakathi kwamalungu eBhodi.

(4)(a) Noma isiphi isikhala seBhodi phakathi kwamalungu kumele sigcwaliswe ngendlela efanayo naleyo ilungu elishiya isikhundla elaqokwa ngayo.

(b) Uma kuvela isikhala sesikhundla seSekela likaSihlalo weBhodi, iSekela likaSihlalo kumele liqokwe ngokuhambisana nesigatshana (3).

(5) Akukho kushoda esibalweni samalungu eBhodi okuthikameza noma okukhubaza ubukhona beThrasti njengesikhungo nanoma imaphi amalungelo, amajoka noma amandla anikezelwe noma abekwe yilo Mthetho kwiThrasti noma kwiBhodi.

Isikhathi sokuqokelwa esikhundleni kanye nokuqokwa kabusha kwamalungu eBhodi

7. Amalungu eBhodi aqokelwa iminyaka emihlanu noma leso sikhathi esincane uNdunankulu angasinquma futhi angaphinde aqokwe kabusha uma sekuphele leso sikhathi: Kuncike ekutheni alikho ilungu elingaphinde liqokwe ngemuva kokusebenza kwiBhodi iminyaka eyishumi elandelanayo.

Izikhala, ukuxoshwa nokusula esikhundleni kwamalungu eBhodi

8.(1) UNdunankulu ngemuva kokuthi esenike ilungu leBhodi ithuba lokubeka uhlangothi lwalo lodaba, noma ingasiphi isikhathi angamisa lelo lungu emsebenzini uma, ngokubona kukaNdunankulu, kunezizathu ezizwakalayo neziphathekayo zokwenze njalo.

(2) Ilungu leBhodi lingasula esikhundleni ngokunikeza uNdunankulu isaziso esingekho ngaphansi kwezinsuku ezingama-30: Kuncike ekutheni uNdunankulu angasichitha leso saziso sokusula.

(3) Ilungu leBhodi kumele lishiye isikhundla uma –

(a) lilahlwe icala eliphathelene nokungathembeki;

(b) licwile ezikweletini ngokungenakuhlengeka;

(c) liphuthe emihlanganweni yeBhodi emibili noma ngaphezulu onyakeni wezimali owodwa ngaphandle kwemvume kaSihlalo.

(4) Noma inini uma kuvela isikhala kwiBhodi, uNdunankulu, kumele, kuncike esigabeni 6(4)(a), aqoke umuntu ozogcwalisa leso sikhala isikhathi esisele sokuqokwa kwelungu leBhodi salowo muntu elingena esikhundleni sakhe.

Ukumiswa okwesikhashana kwelungu leBhodi

9. UNdunankulu angamisa ilungu leBhodi ngesikhathi esaphenya ngezinsolo, okuyothi uma kutholakala ukuthi ziyiqiniso, kuholele ekutheni ukuqokwa kwelungu kumiswe ngokwesigaba 8(1) noma (3).

Imihlangano kanye nezindaba ezisezithebeni zeBhodi

10.(1) Umhlangano wokuqala weBhodi kumele ubanjwe endaweni, ngosuku nangesikhathi esinqunywe uNdunankulu, kuthi ngemuva kwalokho yonke imihlangano kumele inqunywe uSihlalo: Kuncike ekutheni iBhodi kumele ihlangane okungenani izikhawu ezinhlanu ngonyaka.

(2) Isibalo samalungu adingekayo ukuze kubanjwe umhlangano weBhodi iningi lamalungu eBhodi.

(3) Izindaba ezisezithebeni zeBhodi kumele, kuncike kwizinhlinzeko zalesi sigaba, zinqunywe uSihlalo kubandakanya ilungelo lokunquma ukuthi nanoma iluphi udaba olusezithebeni lungahoxiswa ngaphambi kokuthi luvotelwe.

(4) USihlalo kumele engamele yonke imihlangano yeBhodi: Kuncike ekutheni uma engekho iSekela likaSihlalo kumele lengamele umhlangano, kanti uma bobabili uSihlalo neSekela likaSihlalo bengekho emhlanganweni weBhodi, amalungu eBhodi akhona angaqoka, omunye wawo, ukuba abambe njengoSihlalo kulowo mhlangano.

(5) Isinqumo seBhodi kumele sithathwe ngeningi lamavoti amalungu eBhodi akhona emhlanganweni futhi, uma kube nokulingana kwamavoti kunoma iluphi udaba, uSihlalo unevoti eliwujuqu ngaphezu kwevoti lakhe elijwayelekile.

(6) IBhodi kumele igcine amaminithi emihlangano yayo futhi iqophe izinqumo nezisombululo zayo ngokubhalwe phansi.

(7) Asikho isinqumo seBhodi esingasebenzi ngenxa yokuba khona kwesikhala kwiBhodi: Kuncike ekutheni isinqumo sithathwe iningi elidingekayo lamalungu eBhodi abekhona futhi anegunya lokuhlala njengamalungu eBhodi.

(8) USihlalo, noma iningi lamalungu eBhodi, angabiza umhlangano weBhodi oyisipesheli lapho kungasebenza khona izinhlinzeko zalesi sigaba ngezinguquko ezidingekayo.

(9) Labantu ababalulwe ngezansi, –

(a) uMqondisi Jikelele wesiFundazwe angawethamela umhlangano futhi abambe iqhaza;

(b) isiKhulu esiPhezulu esibhekele ezeziMali singawethamela umhlangano futhi sibambe iqhaza; kanye

(c) neNhloko yoPhiko lukaNobhala ingabamba iqhaza,

kodwa angeke bavota, emhlanganweni weBhodi.

Ukuhoxa kwelungu emihlanganweni nasezindabeni ezisezithebeni zeBhodi

11.(1) Ilungu leBhodi kumele lizihoxise odabeni oluphenywa, olucutshungulwa noma oluvotelwa iBhodi uma kwenzeka okukodwa noma ngaphezulu kwalokhu –

(a) uma lihlomula ngqo noma ngandlela thile ngokwezezimali noma lithinteka ngandlela thile kulolo daba;

(b) kungenzeka ukuthi lihlomule ngqo noma ngandlela thile ngokwezezimali noma lithinteke ngandlela thile kulolo daba.

(2) Uma kunoma isiphi isigaba ngesikhathi kudingidwa udaba olusezithebeni zeBhodi kubonakala ukuthi ilungu leBhodi elikhona kulowo mhlangano liyathinteka noma lingase lithinteke njengoba kuhlongozwe esigatshaneni (1), lelo lungu kumele lidalule indlela elithinteka ngayo bese liphuma emhlanganweni.

(3) Noma ikuphi ukudalula okwenziwe ngokwesigatshana (2) kumele kuqoshwe kumaminithi alowo mhlangano.

(4) Uma ngemuva kwalokho kuvela ukuthi iBhodi ithathe isinqumo odabeni ilungu leBhodi elihluleke kulo ukudalula ukuthinteka okuhlongozwe esigatshaneni (1), leso sinqumo seBhodi angeke sisebenze.

(5) Ngokwezinhloso zalesi sigaba **"ukuhlomula ngokwezezimali noma ngenye indlela"** kwelungu kubandakanya, kodwa akugcini nje, ngokuhlomula –

(a) komlingani walo ebhizinisini, kwelisebenzisana naye, komqashi walo, ngaphandle koMbuso;

(b) kwelishade naye, kwelishade naye ngokwesintu, noma kwelihlalisana naye sabantu abashadile; noma

(c) kwengane yalo, komzali walo noma kwelizalwa naye.

Umholo wamalungu eBhodi

12.(1)(a) Kuncike kwizinhlinzeko zezigatshana (1)(b) no (2)(a), ilungu leBhodi lingakhokhelwa lowo mholo kanye nalezo zibonelelo njengoba zinganqunywa uNdunankulu ngokubonisana neLungu loMkhandlu oPhethe elibhekele ezeziMali.

(b) Ilungu leBhodi elithola umholo, izibonelelo kanye neminye imihlomulo ngokwesikhundla salo –

(i) kuhulumeni kazwelonke;

(ii) kuhulumeni wesifundazwe;

(iii) kumasipala;

(iv) enkampanini, emgwamandeni noma esikhungweni esilawulwa uhulumeni wesifundazwe noma kazwelonke; noma

(v) ohlakeni lukahulumeni, ebhizinisini likahulumeni kazwelonke noma likahulumeni wesifundazwe njengoba kuchazwe esigabeni 1 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni, ka-1999 (uMthetho No. 1 ka 1999),

futhi oqhubekayo nokuthola lowo mholo, lezo zibonelelo kanye neminye imihlomulo ngesikhathi esebenza njengelungu leBhodi, lingathola umholo kanye nezibonelelo okukhulunywe ngazo endimeni (a) ngendlela eyobeka lelo lungu esimweni sezimali ebelizoba kusona ukuba belingaqashiwe kuleso sikhundla.

(c) Amaholo kanye nezibonelelo ezahlukene kunganqunyelwa la mazinga amalungu eBhodi –

(i) uSihlalo;

(ii) iSekela likaSihlalo; kanye

(iii) namanye amalungu eBhodi.

(2)(a) Ilungu leBhodi, mayelana nemisebenzi yalo njengelungu, lingakhokhelwa izimali zokuhamba ngomsebenzi nezokulala ngaphandle okudalwe ukwethamela imihlangano yeBhodi.

(b) ILungu loMkhandlu oPhethe elibhekele ezeziMali kumele linqume inqubo, kubandakanya izindlela zokulawula, zokuphatha, zokubhekana nezokukhokha izindleko zokulala ngaphandle nezokuhamba ngomsebenzi ezihlongozwe endimeni (a).

Ukusungulwa kwamakomidi azosiza iBhodi

13.(1) IBhodi ingasungula amakomidi anelungu layo elilodwa noma anamalungu ayo angephezu kwelilodwa –

(a) ukusiza iBhodi ekusebenziseni amandla ayo, ekufezeni amajoka ayo, ekwenzeni imisebenzi yayo; noma

(b) ukwenza uphenyo noma ucwaningo nganoma iluphi udaba olungena ngaphansi kwemisebenzi iBhodi ejutshelwe yona ngokwalo Mthetho.

(2) Uma isungula ikomidi elihlongozwe esigatshaneni (1), iBhodi kumele –

(a) inqume amaphuzu okuzosetshenzelwa phezu kwawo, kubandakanya, kodwa kungagcini nje, ngokuthi ngabe lelo komidi angeke lisasebenza yini uma sekuphothulwe umsebenzi noma imisebenzi ebeliyabelwe iBhodi;

(b) iqoke uSihlalo walelo komidi okumele abe ilungu leBhodi; futhi

(c) inqume ukuthi ngabe lelo komidi lingasiselwa yini abantu abangewona amalungu eBhodi futhi, uma kunjalo, ngaphansi kwamiphi imigomo nemibandela.

(3) IBhodi, noma inini, ingamisa ukusebenza kwekomidi nanoma imuphi umsebenzi ikomidi elijutshelwe wona, kungakhathaleki ukuthi noma ngabe lelo komidi beseliwuphothulile yini umsebenzi noma imisebenzi ebeliyabelwe iBhodi.

Ukusiswa kwabantu emakomidini eBhodi

14.(1) IBhodi, uma ibona ukuthi ukuthi umuntu othile angakwazi ukuyisiza mayelana nanoma imaphi amandla, amajoka nanoma imiphi imisebenzi, ingalanda lowo ukuthi azosiza kwikomidi leBhodi leso sikhathi iBhodi engasinquma.

(2) Umuntu osisiwe ngokwesigatshana (1) akanalo ilungelo lokuvota.

(3)(a) Umuntu osisiwe ngokwesigatshana (1), mayelana nemisebenzi yakhe njengelungu lekomidi yeBhodi elisisiwe, angakhokhelwa izindleko zokulala ngaphandle nezokuhamba ngomsebenzi ezidalwe ukwethamela imihlangano yeBhodi.

(b) ILungu loMkhandlu oPhethe elibhekele ezeziMali kumele linqume izindlela, kubandakanya izindlela zokulawula, zokuphatha, zokubhekelela kanye nezokukhokha izindleko zokulala ngaphandle nezokuhamba ngomsebenzi ezihlongozwe endimeni (a).

ISAHLUKO 4

ISIKHULU ESIPHEZULU ESIBHEKELE EZEZIMALI KWITHRASTI YESENDLUNKULU KAZULU, INHLOKO YOPHIKO LUKANOBHALA WEBHODI KANYE NABANYE ABASEBENZI BETHRASTI YASENDLUNKULU KAZULU

IsiKhulu esiPhezulu seThrasti esibhekele ezeziMali

15.(1) IBhodi, ngokubonisana noNdunankulu, ingaqoka umuntu ofanekelile noqeqeshwe ngendlela efanele njengesiKhulu esiPhezulu esizobhekela ezeziMali kwiThrasti.

(2) IsiKhulu esiPhezulu esibhekele ezeziMali kwiThrasti –

(a) siphethwe futhi sinesibopho sokubika kwiBhodi;

(b) kumele sibike kwiBhodi;

(c) kumele, ezinyangeni ezintathu siqokiwe, sisayine isivumelwano sokusebenza neBhodi.

(3) IBhodi, ngokubonisana noNdunankulu, ingamisa isiKhulu esiPhezulu emsebenzini ngokulandela imithetho esebenzayo yokuqashwa neyezabasebenzi.

INhloko yoPhiko lukaNobhala kanye nabasebenzi beThrasti

16.(1) UMqondisi Jikelele wesiFundazwe kumele –

(a) aqoke umphathi omkhulu, oqashwe uhulumeni wesiFundazwe ngokoMthetho Wabasebenzi Bahulumeni, ka-1994 (iSimemezelo No. 103 sika-1994), njengeNhloko yoPhiko lukaNobhala weBhodi ukuhlinzeka imisebenzi yasehhovisi, yezobuchwepheshe kanye neyobubhalane obuseqophelweni elidingekayo kanye neminye imisebenzi yokweseka iBhodi ekusebenziseni amandla ayo, ekufezeni amajoka ayo nasekwenzeni imisebenzi yayo; futhi

(b) aqoke abanye abantu, abaqashwe uHulumeni wesiFundazwe ngokoMthetho Wabasebenzi Bahulumeni, ka-1994, njengoba kungaba nesidingo, ukusiza –

(i) iBhodi ngemisebenzi yasehhovisi, yezobuchwepheshe neyezobubhalane ehambisana nokusebenzisa amandla ayo, ukufeza amajoka ayo nokwenza imisebenzi yayo; kanye

(ii) neThrasti ukuze ifeze izinhloso zayo, isebenzise amandla ayo, ifeze amajoka ayo futhi yenze nemisebenzi yayo,

ngokwalo Mthetho.

(2) IBhodi neThrasti ingasebenzisa abantu abadluliselwe noma abasisiwe ngokuhambisana nezinhlinzeko zoMthetho Wabasebenzi Bahulumeni, ka-1994.

(3) INhloko yoPhiko lukaNobhala –

(a) iphethwe futhi inesibopho sokubika kuMqondisi Jikelele wesiFundazwe ngokusebenza nangokwenziwa uPhiko lukaNobhala weBhodi;

(b) kumele ibike kuMqondisi Jikelele wesiFundazwe nakuSihlalo weBhodi ngemisebenzi yoPhiko lukaNobhala weBhodi kanye nabasebenzi beThrasti okukhulunywe ngabo ezigatshaneni (1)(b) no (2) kanye nesigaba 30(3)(b) no (c); futhi

(c) kumele, ezinyangeni ezintathu iqokelwe kuleso sikhundla, isayine isivumelwano sokusebenza noMqondisi Jikelele wesiFundazwe.

(4) Abasebenzi beThrasti

(a) abaqokwe ngokwesigatshana (1)(b) noma

(b) abasiswe noma abadluliselwe ngokwesigatshana (2)

(c) okuqondiswe kubo esigabeni 30(3)(b) no (c),

Kufanele baphathwe futhi banesibopho sokubika kwiNhloko yoPhiko lukaNobhala.

ISAHLUKO 5

UKUHLINZEKWA NGEZIMALI NOKUPHATHWA KWETHRASTI YASENDLUNKULU KAZULU

Izimali zeThrasti

17.(1) Izimali zeThrasti zibandakanya –

(a) imali eyabiwe isiShayamthetho sesiFundazwe;

(b) iminikelo etholwe iThrasti ngokusemthethweni kunoma imuphi umthombo;

(c) inzuzo yezimali ezitshaliwe zeThrasti; kanye

(d) nemali engena ngokusemthethweni etholakala –

(i) ngokufuna uxhaso ngezindlela ezithile;

(ii) ngokuhweba noma ngamabhizinisi;

(iii) nakunoma imuphi omunye umthombo.

(2) IThrasti kumele isebenzise izimali zayo –

(a) ukukhokha imiholo, izibonelelo nezindleko zokulala ngaphandle nezokuhamba ngomsebenzi kwamalungu eBhodi; kanye

(b) nokukhokha izindleko eziphathelene –

(i) nemisebenzi yansuku zonke nokuphathwa kweThrasti;

(ii) nokufezwa kwamajoka nokwenziwa kwemisebenzi yeThrasti kanye nokusetshenziswa kwamandla ayo ngokwalo Mthetho.

(3)(a) IBhodi kumele, ngokuvumelana neLungu loMkhandlu oPhethe elibhekele ezeziMali, ivule i-akhawunti egameni leThrasti nesikhungo esibhaliswe njengebhange ngokoMthetho wamaBhange, 1990 (uMthetho No. 94 ka 1990), futhi ngokushesha ifake kuyona yonke imali etholakale ngokwesigatshana (1).

(b) Zonke izimali eziphuma kwi-akhawunti yeThrasti kumele zikhishwe ngemvume yeBhodi noma yomuntu noma yabantu abaqokelwe lokho iBhodi ngokubhalwe phansi.
(c) Akukho mali eyophuma kwi-akhawunti yeThrasti ngaphandle kwezinhloso ezihlongozwe esigatshaneni (2) no (3).

Ukuphathwa kwezimali nokwenganyelwa kweThrasti

18.(1) Kuncike ezinhlinzekweni zalo Mthetho noMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni, ka-1999 (uMthetho No. 1 ka 1999), iBhodi iwumgwamanda onesibopho sokubika kwiThrasti futhi inesibopho sokwengamela nokuphatha iThrasti futhi ikakhulu –

(a) zonke izindleko ezikhishwa ezimalini zeThrasti; kanye

(b) namarisidi azo zonke izikweletu zeThrasti okumele zikhokhwe noma zikhokhelwe iThrasti.

(2)(a) IBhodi kumele iqinisekise ukugcinwa kwamabhuku ezimali kanye namarekhodi ahlukene maqondana –

(i) nezimali ezabiwe iSishayamthetho sesiFundazwe ezihlongozwe esigabeni 17(1)(a); kanye

(ii) nezinye izimali zeThrasti ezihlongozwe esigabeni 17(1)(b) kuya ku (d).

(b) IBhodi kumele iqinisekise ukugcinwa kwamabhuku ezimali kanye nawo wonke amarekhodi adingekayo ngendlela efanele maqondana nezimali ezabiwe isiShayamthetho sesiFundazwe okukhulunywe ngazo endimeni (a)(i) okumele agcinwe ngokuhambisana noMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni, ka-1999 (uMthetho No. 1 ka 1999), ngokuvamile okuthathwa njengendlela eyaziwayo neyamukelekile esetshenziselwa ukulawula amabhuku ezimali kanye neminye imigomo nezinqubo njengoba zinganqunywa iHhovisi loMgcinimafa likaZwelonke kanye noMcwaningimabhuku Jikelele.

(3) IBhodi kumele iqinisekise ukuthi izabelomali zonyaka, izinhlelo zokusebenza, imibiko yonyaka kanye nezitatimende zezimali ezicwaningiwe ziyalungiswa futhi ziyahanjiswa ngokuhambisana noMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni, ka-1999 (uMthetho No. 1 ka 1999), kuncike kunoma ikuphi ukukhululwa kweThrasti kunoma iziphi izinhlinzeko zalowo Mthetho njengoba kuhlongozwe esigabeni 92 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni, ka-1999.

(4) IBhodi kumele, ezinyangeni ezintathu kuphele unyaka wezimali, ihambise eHhovisi loMgcinimafa lesiFundazwe ukuze kugunyazwe –

(a) uhlelo lokusebenza lweThrasti, oluqukethe izinhloso ezibekelwe isikhathi nokuthi zizofezwa kanjani nolunye ulwazi oluhlongozwe esigabeni 19(3)(b) no (c); kanye

(b) nesitatimende esikanekisiwe sezimali ezizongena nezizochithwa zeThrasti, maqondana neminyaka emithathu ezayo.

(5) Kunoma imuphi unyaka wezimali iBhodi ingaletha eHhovisi loMgcinimafa lesiFundazwe izitatimende ezilinganiselwe noma ezinezezelayo zezimali ezizongena noma ezizochithwa zeThrasti zalowo nyaka ukuze zigunyazwe.

(6) IThrasti angeke izibophezele ngokwezezimali ngokungaphezu kwesabelomali sayo esigunyaziwe kanye nemali yayo eqongelelwe.

(7) IBhodi –

(a) ngemvume yeHhovisi loMgcinimafa lesiFundazwe, ingatshala ingxenye yezimali ezingasetshenziswanga zeThrasti kwi-*Corporation for Public Deposits* nakunoma isiphi esinye isikhungo esibalulwe iHhovisi loMgcinimafa likaZwelonke njengesikhungo sokulondoloza imali esiseZingeni "A" njalo ngemuva kwesikhathi esithile; noma

(b) ngemvume yeHhovisi loMgcinimafa lesiFundazwe, ingasebenzisa leyo ngxenye nganoma iyiphi enye indlela.

(8) IBhodi, ngemvume yeHhovisi loMgcinimafa lesiFundazwe, ingasungula isikhwama sokulondoloza imali seThrasti bese ifaka kuyona lezo zimali iHhovisi loMgcinimafa lesiFundazwe elingazigunyaza.

(9) Noma iyiphi imali engasetshenziswanga esele kwiThrasti ekupheleni konyaka wezimali idluliselwa njengemali iThrasti enayo ngonyaka olandelayo.

Ukucwaningwa kwamabhuku kanye nombiko wonyaka weThrasti

19.(1) UMcwaningimabhuku Jikelele kumele acwaninge izitatimende zezimali zeThrasti.

(2)(a) IBhodi kumele yethule umbiko ngemisebenzi yeThrasti ngonyaka wezimali kwisiShayamthetho sesiFundazwe ezinyangeni ezinhlanu kuphele lowo nyaka wezimali.

(3) Umbiko kumele –

(a) ubandakanye isitatimende sesimo sezimali kanye nesitatimende semali engenile nechithiwe eziqinisekiswe uMcwaningimabhuku Jikelele;

(b) uchaze ngendlela iThrasti efeze ngayo izinhloso zayo okukhulunywe ngazo esigabeni 3 kanye nezinhloso ezikhombisa ukuthi zizofezwa kanjani nini zibekwe zicace ohlelweni lokusebenza njengoba kuhlongozwe esigabeni 18(4)(a) ngonyaka wezimali othintekayo; futhi

(c) ube nemininingwane edingekayo yendlela yokusebenza mayelana nokusetshenziswa kwezimali ngendlela eyongayo, esheshayo nenemiphumela ebonakalayo ikakhulu uma kuqhathaniswa okuhlelwe ukuthi kwenziwe nezinkomba zokuzokwenziwa njengoba kubekwe kulolo hlelo lokusebenza.

ISAHLUKO 6
IZIHLINZEKO EZIJWAYELEKILE

Ukuthengwa nokuchithwa kwempahla engenakususwa kwenziwa yiThrasti

20. IThrasti, ngemvume yeHhovisi loMgcinimafa lesiFundazwe, ingaqasha, ingathenga, ingaba noma ingachitha impahla engenakususwa ngesikhathi isasebenza.

Izinyathelo zomthetho ezithathelwa iThrasti

21.(1) Noma iziphi izinyathelo zomthetho ezithathelwa iThrasti kumele zithathwe ngokulandela uMthetho wokuThathela iziNhlaka zikaHulumeni iziNyathelo zoMthetho, 2002 (uMthetho No. 40 ka 2002).

(2) IThrasti kumele, ngokwezinhloso zesigatshana (1), ithathwe njengohlaka lukahulumeni oluhlongozwe endimeni (c) yencazelo lwayo esigabeni soMthetho okukhulunywe ngawo.

Okungeke umuntu ahlawuliselwa kona

22. IBhodi nanoma imuphi omunye umuntu, isiKhulu esiPhezulu esibhekele ezeziMali, iNhloko yoPhiko lukaNobhala noma umsebenzi weThrasti angeke ahlawuliselwa noma yini ayenze ngenhloso yokusebenzisa amandla noma yokufeza ijoka noma yokwenza umsebenzi ngokwalo Mthetho.

IThrasti kumele isungule isizindalwazi

23.(1) IThrasti kumele –

(a) isungule futhi igcine esimweni sokusebenza isizindalwazi sayo esisemthethweni; futhi

(b) ifake kuleso sizindalwazi esisemthethweni noma iluphi ulwazi okumele lwaziwe uwonkewonke ngokwalo Mthetho nanoma imuphi omunye umthetho.

(2) INhloko yoPhiko lukaNobhala weThrasti kumele igcine esimweni sokusebenza futhi ivuselele ulwazi njalo kwisizindalwazi esisemthethweni seThrasti.

Ukuvikeleka kolwazi olugcinwe iThrasti

24.(1) Kuncike kuMthethosisekelo, uMthetho wokuGqugquzela ukuTholakala koLwazi, 2000 (uMthetho No. 2 ka 2000), nanoma imuphi omunye umthetho, akukho muntu ongadalula noma iluphi ulwazi olwethulwe kwiThrasti maqondana nanoma imuphi umyalelo womthetho, ngaphandle uma –

(a) eyalelwe ukuba enze njalo inkantolo yomthetho; noma

(b) umuntu ohlinzeke lowo myalelo emnika imvume ngokubhalwe phansi.

(2) Noma imuphi umuntu owephula isigatshana (1) uyothweswa icala.

Ukusetshenziswa kwegama leThrasti

25.(1) Akukho muntu, ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi yeBhodi, noma ingayiphi indlela ongamela noma asebenzise igama, isifinyezo, amalogo, imidwebo noma impahla esetshenziswa noma okungeyeThrasti.

(2) Akukho muntu ongaqamba amanga athi wenza okuthile egameni leThrasti.

(3) Noma imuphi umuntu owephula isigatshana (1) no (2) uyothweswa icala.

Ukudluliselwa kwamandla yiBhodi

26.(1) IBhodi, ngesixazululo esikhethekile, ingadlulisela kwisiKhulu esiPhezulu esibhekele ezeziMali kwiThrasti, kwiNhloko yoPhiko lukaNobhala noma kumsebenzi weThrasti, noma imaphi amandla noma ijoka elithweswe noma elinikwe iBhodi noma iThrasti yilo Mthetho.

(2) Noma imaphi amandla noma ijoka ngokwesigatshana (1) kumele asetshenziswe noma lifezwe kuncike kuleyo mibandela iBhodi engayibona ifanele.

(3) Ukudluliselwa kwamandla okukhulunywe ngakho esigatshaneni (1) –

(a) kumele kubhalwe phansi;

(b) akuvimbeli iBhodi ekusebenziseni lawo mandla noma ekufezeni lelo joka; futhi

(c) noma ingasiphi inini kungahoxiswa noma kuchitshiyelwe iBhodi ngokubhalwe phansi.

Amacala ajwayelekile

27.(1) Ilungu leBhodi, isiKhulu esiPhezulu esibhekele ezeziMali kwiThrasti, iNhloko yoPhiko lukaNobhala noma umsebenzi weThrasti, umeluleki, i-ejenti nanoma imuphi umuntu osebenza, oqashwe noma owenza okuthile egameni leBhodi noma leThrasti unecala uma egwazelwa ngandlela thile noma amukela imali engagunyaziwe noma umvuzo kunoma imuphi umuntu maqondana nomsebenzi owenziwa noma okhishwe iBhodi noma iThrasti.

(2) Noma imuphi umuntu unecala uma, maqondana nomsebenzi owenziwa noma okhishwe iBhodi noma iThrasti, egwazela noma ezama ukugwazela noma eyenga ngenkohlakalo noma ezama ukuyenga ngenkohlakalo ilungu leBhodi, isiKhulu esiPhezulu esibhekele ezeziMali kwiThrasti, iNhloko yoPhiko lukaNobhala weBhodi, umsebenzi weThrasti, umeluleki, i-ejenti nanoma imuphi umuntu osebenzela noma oqashwe noma owenza okuthile egameni leBhodi noma leThrasti.

(3) Noma imuphi umuntu oqamba amanga athi ugunyaziwe ukukhokhisa noma ukuqoqa izimali noma iminikelo egameni, noma ngomyalelo weBhodi noma weThrasti unecala.

(4) Noma imuphi umuntu ophula noma ohluleka ukuhambisana nezinhlinzeko zalo Mthetho nanoma imuphi umthethonqubo, unecala.

Izinhlawulo

28. Noma imuphi umuntu othweswe icala –

(a) ngokwesigaba 28(1) noma (2), uyokhokhiswa inhlawulo noma agqunywe ejele isikhathi esingeqile kuleso esinqunywe umthetho wenkohlakalo kazwelonke; noma

(b) ngokwesigaba 24(2), 26(3) noma 28(3) no (4), uyokhokhiswa inhlawulo noma agqunywe ejele isikhathi esingeqile eminyakeni emihlanu.

Imithethonqubo

29.(1) Kuncike kwisigatshana (2), uNdunankulu, ngemuva kokubonisana neBhodi nangesaziso kwiGazethi, angenza imithethonqubo emayelana –

(a) nanoma iluphi udaba olunganqunywa noma okumele lunqunywe ngokwalo Mthetho; noma

(b) nanoma iluphi udaba oluphathelene nokusebenza noma nenqubo oludingekayo ukuqalisa izinhlinzeko zalo Mthetho.

(2) Kuncike –

(a) kwizinhlinzeko zoMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni, ka-1999 (uMthetho No. 1 ka 1999); kanye

(b) nasekukhululweni kweThrasti kunoma iyiphi inhlinzeko yoMthetho ehlongozwe esigabeni 92 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni, ka-1999,

iLungu loMkhandlu oPhethe elibhekele ezeziMali, ngemuva kokubonisana noNdunankulu kanye neBhodi nangesaziso kwiGazethi, lingenza imithethonqubo emayelana –

(i) nokuphathwa kwezimali, nokwenganyelwa kanye nokulawulwa kweThrasti;

(ii) nokuqashwa, nokuthengwa noma nokuchithwa kwempahla engenakususwa iThrasti;

(iii) nokuphambene nomthetho, nokwamukela izipho, kwamalungu eBhodi, kwesiKhulu esiPhezulu esibhekele ezeziMali kwiThrasti, kweNhloko yoPhiko lukaNobhala weBhodi noma komsebenzi weThrasti;

(iv) nanoma iluphi udaba okukhulunywe ngalo ezindinyaneni (aa) kuya ku (cc) zesigaba 5(d).

Izinhlelo zesikhashana

30.(1) Njengoba kubekiwe esigabeni 2(2) salo Mthetho, iThrasti ngokomthetho ithatha isikhundla seThrasti yaseNdlunkulu yaKwaZulu-Natali eyasungulwa ngokwesigaba 2(1) soMthetho weThrasti yaseNdulunkulu, 2007 (uMthetho No. 2 ka 2007) osuchithiwe.

(2) Abantu, ngosuku olwandulela usuku lokuqala kokusebenza kwalo Mthetho, ababeqokwe noma ababeqashwe njengamalungu eBhodi noSihlalo weThrasti yaseNdlunkulu yaKwaZulu-Natali eyasungulwa ngokwesigaba 2(1) soMthetho weThrasti yaseNdlunkulu, 2007 (uMthetho No. 2 ka 2007) osuchithiwe, bayaqhubeka njengamalungu eBhodi noSihlalo weThrasti futhi bathathwa njengabantu abaqashwe ngokwesigaba 6 salo Mthetho kusukela ngosuku lokuqala kokusebenza kwalo Mthetho.

(3)(a) Ukuqokwa komuntu, ngosuku olwandulela usuku lokuqala kokusebenza kwalo Mthetho, owayeyisiKhulu esiPhezulu seThrasti yaseNdlunkulu yaKwaZulu-Natali eyasungulwa ngokwesigaba 2(1) soMthetho weThrasti yaseNdlunkulu, 2007 osuchithiwe, ngosuku lokuqala kokusebenza kwalo Mthetho, esamiswa ngokomthetho wezabasebenzi nowokuqashwa osebenzayo.

(b) Umuntu, ngosuku olwandulela usuku lokuqala kokusebenza kwalo Mthetho, owayeqokwe njengesiKhulu esiPhezulu esibhekele ezeziMali kwiThrasti yaseNdlunkulu yaKwaZulu-Natali eyasungulwa ngokwesigaba 2(1) soMthetho weThrasti yaseNdlunkulu, 2007 osuhlakaziwe, uyaqhubeka nokuba isiKhulu esiPhezulu esibhekele ezeziMali kwiThrasti futhi uthathwa njengomuntu oqokwe ngokwesigaba 15(1) salo Mthetho kusukela ngosuku lokuqala kokusebenza kwalo Mthetho.

(c) Abanye abantu, ngosuku olwandulela usuku lokuqala kokusebenza kwalo Mthetho, owayeqokwe ngokwesigaba 13(1) soMthetho weThrasti yaseNdlunkulu waKwaZulu-Natali, 2007 osuchithiwe, njengamalungu abasebenzi beThrasti yaseNdlunkulu yaKwaZulu-Natali eyasungulwa ngokwesigaba 2(1) soMthetho weThrasti yaseNdlunkulu yaKwaZulu-Natali, 2007 osuchithiwe bayaqhubeka njengabasebenzi beThrasti futhi begcina imiholo, amalungelo, imihlomulo kanye namagunya:

Inqobo nje uma-

(i) izikhundla zomsebenzi eziphethwe yilawo malungu abasebenzi zingeke zigcwaliswe yiThrasti lapho khona kuba nesikhala esivelayo ngenxa yanoma isiphi isizathu; futhi

(ii) lawo malungu abasebenzi kufanele baphathwe futhi babe nesibopho sokubika ngomsebenzi kulowo oyiNhloko yeHhovisi likaNobhala weBhodi kusukela ngosuku lokuqala ukusebenza kwalo Mthetho.

(4)(a) Isinqumo njengoba kubekwe oHlelweni sisebenza kusukela mhla ziyi-12 kuZibandlela 2014 mayelana nokwabiwa, nokudluliselwa nokuhlukaniswa kwamandla, kwemisebenzi, kwempahla, kwezikweletu, kwamalungelo, kwamajoka, kwezibopho kanye nabasebenzi koMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe.

(b) UNdunankulu, ngemuva kokubonisana neBhodi, ngesaziso kwiGazethi nangosuku oluzobalulwa kuleso saziso –

(i) sokuchibiyela; noma

(ii) nokushintsha,

uHlelo lwalo Mthetho.

ISAHLUKO 7

UKUCHITHWA KOMTHETHO KANYE NESIHLOKO ESIFINGQIWE

Ukuchithwa komthetho

31. UMthetho weThrasti yaseNdlunkulu yaKwaZulu-Natali, 2007 (uMthetho No. 2 ka 2007), ngalokhu uyachithwa.

Isihloko esifingqiwe

32. Lo Mthetho ubizwa ngoMthetho waKwaZulu-Natali weThrasti yaseNdlunkulu kaZulu, 2017.

UHLELO

Isinqumo mayelana nokwabiwa nokudluliselwa nokuhlukaniswa kwamandla, kwemisebenzi, kwempahla, kwezikweletu, kwamalungelo, kwamajoka, kwezibopho nabasebenzi boMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe *(Isigaba 30(4))*

1. IHhovisi likaNdunankulu linesibopho sale misebenzi elandelayo yoMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe –

(a) ukuhlinzekwa ngemisebenzi okusemthethweni kweSilo samaBandla maqondana namaqhaza, namajoka kanye nemisebenzi esemthethweni yoNgangezwe Lakhe ngokoMthetho wobuHoli boMdabu nokuBusa, 2005 (uMthetho No. 5 ka 2005); kanye

(b) neminye imisebenzi yokweseka oNgangezwe Lakhe, kubandakanya –

(i) ukulawulwa nokukhokhwa –

(aa) komholo weSilo samaBandla; kanye

(bb) nezindleko zokuhamba ngomsebenzi nezokulala ngaphandle nezinkambo eziphathelene nomsebenzi ezithathwa iSilo samaBandla; kanye

(ii) nokubhalwa kwezinkulumo ezizokwethulwa iSilo samaBandla kanye nokuhaywa kweSilo.

2. IThrasti yaseNdlunkulu kaZulu, esungulwe isigaba 2(1) salo Mthetho, izokwenza yonke imisebenzi yoMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe, kubandakanya –

(a) nokuhlinzekwa ngemisebenzi ephathelene –

(i) nokuqondene neSilo samaBandla uqobo;

(ii) nemisebenzi yoNdlunkulu kanye namanye amalungu aseNdlunkulu kaZulu, eqondene nabo uqobo; kanye

(iii) nokulawulwa nokukhokhwa kwamaholo (amaholo, izibonelelo kanye nemivuzo) yoNdlunkulu; kanye

(b) nokuphathwa nokulawulwa kanye nokunakekelwa kwezigodlo zaseNdlunkulu kanye namapulazi aseNdlunkulu;

(c) nokulawulwa nokukhokhwa kwamaholo, kwezibonelelo kanye nezindleko zokuhamba nezokulala ngaphandle nezimali okumele zikhokhelwe abaPhathi (amaLungu eBhodi) beThrasti yaseNdlunkulu kaZulu zezindaba nemisebenzi yeThrasti yaseNdlunkulu egunyaziwe.

3.(a) Wonke amandla namajoka oMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe aphathelene nemisebenzi okukhulunywe ngayo ohlamvini 1(a) no (b) ngenhla, adluliselwa futhi anikezwa iHhovisi likaNdunankulu.

(b) Wonke amandla namajoka oMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe adluliselwa futhi anikezwa iThrasti yaseNdlunkulu kaZulu.

4.(a) Lokhu okulandelayo, –

(i) isabelomali, izimali noma impahla enokususwa yoMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe;

(ii) amanye amalungelo, noma ngabe ayaphatheka noma awaphatheki, oMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe,

okuphathelene nemisebenzi okukhulunywe ngayo ohlamvini 1(a) no (b) ngenhla kudluliselwa futhi kunikezwa iHhovisi likaNdunankulu.

(b) Okusele –

(i) njengesabelomali, izimali noma impahla enokususwa yoMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe; kanye

(ii) namanye amalungelo, noma ngabe ayaphatheka noma awaphatheki, oMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe,

kudluliselwa futhi kunikezwa iThrasti yaseNdlunkulu kaZulu.

5. Zonke izimpahla ezinokususwa, uma zikhona, ezibhaliswe egameni loMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe, zidluliselwa futhi zinikezwa iThrasti yaseNdlunkulu kaZulu: Kuncike ekutheni iThrasti yaseNdlunkulu kaZulu ayinaso isibopho sokukhokha noma sokucubungula, imali noma okunye, maqondana nokudluliselwa noma kokunikezwa noma iyiphi impahla engenakususwa, kwiThrasti yaseNdlunkulu kaZulu: Kuphinde kuncike ekutheni amanye amalungelo noma izibopho ezengeziwe zoMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe maqondana naleyo mpahla engenakususwa zokunquma, zokuhlela nokuqoqa intela, zokuthatha izinyathelo zomthetho zokuxosha abaqashi abangakhokhi ngendlela nokugcina amabhilidi akhona nezindlu kunikezwa iThrasti yaseNdlunkulu kaZulu.

6.(a) Noma isiphi isikweletu noma isibopho ikakhulu esiphathelene nemisebenzi okukhulunywe ngayo ohlamvini 1(a) no (b) ngenhla, noma ngabe esingase senzeke, esimile noma ebesingakaziwa, soMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe, noma ngabe leso sikweletu noma leso sibopho sikhishwe, noma sivela esivumelwaneni senkontileka noma ngenye indlela, sidluliselwa, futhi sinikezwa iHhovisi likaNdunankulu: Kuncike ekutheni noma iziphi izikweletu ezisemabhukwini oMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe zingakhokhwa uHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natali ezimalini ezabelwe lokho isiShayamthetho sesiFundazwe.

(b) Noma isiphi esinye isikweletu noma isibopho, ngenhla, noma ngabe esingase senzeke, esimile noma ebesingakaziwa, soMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe, noma ngabe leso

sikweletu noma leso sibopho sikhishwe, noma sivela esivumelwaneni senkontileka noma ngenye indlela, sidluliselwa, futhi sinikezwa iThrasti yaseNdlunkulu kaZulu: Kuncike ekutheni noma iziphi izikweletu ezisemabhukwni oMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe zingakhokhwa uHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natali ezimalini ezabelwe lokho yisiShayamthetho sesiFundazwe.

7.(a) Bonke abasebenzi boMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe, ngalokhu bafakwa ngaphansi, badluliselwa futhi baqashwa njengabasebenzi beHhovisi likaNdunankulu, bazogcina amaholo, amalungelo, imivuzo, izibonelelo kanye namagunya abawanikwe ngokomthetho, kuncike emithethweni elawula uhulumeni nanoma isiphi isisombululo se-General Public Sector Bargaining Council (GPSSBC).

(b) Okushiwo uhlamvu 7(a) ngenhla, ukuthi –

(i) bonke abasebenzi abebeqashwe uMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe sebefakwa kumumohlaka;

(ii) bonke abasebenzi kanye nesabelomali samaholo soMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe, kudluliselwa futhi kunikezwa;

(iii) zonke izikhala zemisebenzi ezihlinzekelwe kwisabelomali somumohlaka woMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe, sebefakwa kumumohlaka,

weHhovisi likaNdunankulu.

8. Abasebenzi ababalulwe **kwisiThasiselo**, okungabasebenzi boMnyango waseNdlunkulu osuhlakaziwe, badlulilselwa eHhovisi likaNdunankulu bese kuthi labo abenza imisebenzi engaphathelene nemisebenzi okukhulunywe ngayo ohlamvini 1(a) no (b) ngenhla baqokwa (ngokwesigaba 16(1)(b) salo Mthetho) ukusiza iThrasti yaseNdlunkulu kaZulu ukufeza izinhloso zayo, ukusebenzisa amandla ayo, ukufeza amajoka ayo nokwenza imisebenzi yayo, maqondana nezokuphatha nokunakekela izigodlo zaseNdlunkulu namapulazi aseNdlunkulu, futhi kuncike emithethweni elawula uhulumeni nanoma isiphi isisombululo se-General Public Sector Bargaining Council (GPSSBC), badluliselwa kwiThrasti yaseNdlunkulu kaZulu namaholo, namalungelo kanye namagunya abawanikwe ngokomthetho (ngokwesigaba 16(2) salo Mthetho).

ISITHASISELO

Uhlu lwabasebenzi abadluliselwa kwiThrasti yaseNdlunkulu kaZulu

(Uhlamvu 8 loHlelo)

IMISEBENZI EPHATHELENE NEZIGODLO ZASENDLUNKULU KANYE NAMAPULAZI ASENDLUNKULU

Igama		*Inombolo ye-PERSAL*
1.	**BIYELA, QH**	60166789
2.	**CHONCO, CT**	60204788
3.	**NDLOVU, ZA**	63962977
4.	**ZITHA, MS**	60209038
5.	**ZULU, NA**	64178820
6.	**ZUNGU, LM**	60200014
7.	**BUTHELEZI, ET**	60269405
8.	**BUTHELEZI, MR**	60263938
9.	**FAKUDE, BN**	61624098
10.	**MABASO, MR**	64316751
11.	**MANDLAZI, BF**	60299541
12.	**MATHE, EP**	60288540
13.	**MATHE, MN**	60299631
14.	**MATHE, N**	60264101
15.	**MATHE, TA**	61665223
16.	**MTHETHWA, MP**	61667773
17.	**SHONGWE, OK**	60300132
18.	**SHONGWE, NJ**	60300817
19.	**ZWANE, TW**	60299690
20.	**MAGUBANE, BZ**	60299479
21.	**MASONDO, NB**	60299878
22.	**SIBIYA, ZM**	60300671
23.	**ZULU, GJ**	64036332
24.	**ZULU, SM**	64319211
25.	**ZULU, ZG**	60295287
26.	**ZUNGU, ZM**	61623911
27.	**GINA, GM**	61830526.
28.	**GINA, NT**	61624161
29.	**GWALA, GN**	61663212

30.	**JOBE, BB**	64602711
31.	**MAHENDULA, A**	60264110
32.	**MNGOMEZULU, SM**	64604268
33.	**MYENI, MW**	64602427
34.	**NYAWO, NE**	64602605
35.	**NDWANDWE, G**	60299681
36.	**NDWANDWE, TB**	64257002
37.	**NSELE, TB**	60263946
38.	**NTANZI, FN**	61663751
39	**NXELE, VS**	61667749
40.	**MASANGO, EM**	64291251
41.	**MASANGO, MA**	60271639
42.	**MASANGO, NI**	60263768
43.	**MASUKU, MP**	61663336
44.	**MBATHA, FT**	60299665
45.	**MBATHA, NI**	61626091
46.	**MTHETHWA, HT**	60238763
47.	**SHAMASE, LQ**	62047027
48.	**SHONGWE, BV**	61666777
49.	**SITHOLE, CR**	60301678
50.	**SITHOLE, JM**	64257142
51.	**SITHOLE, KJ**	60274689
52.	**SITHOLE, MD**	60271621
53.	**ZULU, MJ**	60299673
54.	**ZULU, TJ**	60263873
55.	**CEBEKHULU, SS**	64179001
56.	**GWALA, JA**	61668010
57.	**GWALA, PK**	60288574
58.	**GWALA, SB**	61672726
59.	**MNGADI, TB**	60299614
60.	**MTHIYANE, ZP**	64393437
61.	**NDWANDWE, PM**	61880396
62.	**NTULI, SS**	.60299738
63.	**NXUMALO, PG**	61663557
64.	**SHAMASE, ZA**	61668061

65.	**ZULU, GR**	60300078
66.	**ZULU, MC**	60286971
67.	**ZULU, SK**	61663921
68.	**ZULU, TN**	64612091
69.	**FAKUDE, MG**	61625990
70.	**NKOSI. SA**	60300973
71.	**SITHOLE, MB**	61626082
72.	**ZULU, NM**	61667684
73.	**ZULU, NP**	64257193
74.	**ZUNGU, DM**	61624047
75.	**XABA, PN**	60299941
76.	**KHUMALO, MS**	64568504
77.	**MNCWANGO, M**	64569349
78.	**KHUMALO, NB**	61627836
79.	**MPANZA, BT**	61624268
80.	**NENE, MS**	61624616
81.	**NTSHALINTSHALI, GA**	61625906
82.	**NHLEBELA, HE**	61623717
83.	**GINA, MZ**	61625493

NOTICE 10 OF 2018

[English text signed by the Premier]

KWAZULU-NATAL APPROPRIATION ACT, 2018
(Act No. 04 of 2018)

Assented to on 16/05/2018

ACT

To provide for the appropriation of money from the Provincial Revenue Fund for the requirements of the Province in the 2018/19 financial year ending on 31 March 2019, and to provide for subordinate matters incidental thereto.

PREAMBLE

WHEREAS section 226(2) of the Constitution of the Republic of South Africa, 1996 provides that money may be withdrawn from the Provincial Revenue Fund only in terms of an appropriation by a provincial Act;

AND WHEREAS section 26 of the Public Finance Management Act, 1999 (Act No. 1 of 1999, as amended), provides that the Provincial Legislature must appropriate money for each financial year for the requirements of the Province;

BE IT THEREFORE ENACTED by the Provincial Legislature of the Province of KwaZulu-Natal, as follows:—

Definitions

1. In this Act, unless the context indicates otherwise, a word or expression to which a meaning has been ascribed in section 1 of the Public Finance Management Act, 1999 (Act 1 of 1999), has the meaning so ascribed, and —

"national conditional grants" means conditional grant allocations to the Province from the national government's share of revenue raised nationally, which are provided for and whose purpose is specified in the annual Division of Revenue Act referred to in section 214(1)(c) of the Constitution of the Republic of South Africa, 1996;

"conditional allocation" means an allocation to a municipality as contemplated in section 36 of the Municipal Finance Management Act, 2003 (Act. 56 of 2003).

"current payments" means any payment made by a department classified as or deemed to be a current payment in terms of the *Guidelines for Implementing the Economic Reporting Format* (September 2009), issued by the National Treasury under section 76 of the Public Finance Management Act. The above entails payments made by a provincial department in respect of the operational requirements of that department, and includes, among others, payments for the compensation of employees, goods and services, interest and rental of immovable property, but excludes transfers and subsidies, payments for capital assets, and financial transactions relating to assets and liabilities;

"payments for capital assets" means any payment made by a department classified as or deemed to be a payment for capital assets in terms of the *Guidelines for Implementing the Economic Reporting Format* (September 2009) and the *Asset Management Framework* (April 2004, Version 3.3), issued by the National Treasury under section 76 of the Public Finance Management Act. The above entails any payments made by a provincial department for assets that can be used continuously or repeatedly in production for more than one year, and from which future economic benefits or service potential is expected to flow directly to the provincial department making the payment;

"payments for financial assets" means any payment made by a department classified as or deemed to be a payment for financial assets in terms of the *Guidelines for Implementing the Economic Reporting Format* (September 2009), issued by the National Treasury under section 76 of the Public Finance Management Act. The above entails the provision for payments associated with certain purchases of financial assets in order to expense the transactions where the purpose of such a transaction is not market oriented;

"municipal financial year" means a financial year for municipalities ending on 30 June;

"receiving municipal officer" in relation to a conditional allocation transferred to a municipality, means the accounting officer of the municipality;

"transferring provincial officer" means the accounting officer of the provincial department that transfers a conditional allocation to a municipality;

"Province" means the Province of KwaZulu-Natal established in terms of section 103 of the Constitution of the Republic of South Africa, 1996;

"Provincial Legislature" means the legislature of the Province of KwaZulu-Natal;

"Public Finance Management Act" means the Public Finance Management Act, 1999 (Act No. 1 of 1999, as amended);

"Financial Management of Parliament and Provincial Legislatures Act" means the Financial Management of Parliament and Provincial Legislatures Act, 2009 (Act No. 10 of 2009);

"Division of Revenue Act" means the Division of Revenue Act, 2018;

